

KZN COMMUNITY NEWSPAPER

NAMUHLA

Suite 411 Sangro House
Smith Street, Durban

editor@kznnamuhla.co.za
www.kznnews-namuhla.co.za

Tel : 069 349 4717
Cell: 076 390 6969
: 076 404 8423

Cell: 079 467 9297

Umlazi | Isipingo | Durban City Centre | Kwa-Mashu | Inanda
uMgababa | TaxiRanks travelling to North and South of the
KZN Province | Pinetown | Clermont KwaDabeka | Stanger |
Pietermaritzburg | Mandeni

Ube impumelelo enkulu umcimbi wokwethulwa kwe Album entsha ye Bhunu lePlazi



ESITHOMBENI : IBhunu lePlazi kanye nomhleli wephephandaba uMhleli Sheila Mhlongo . Isthombe: Mthunzi Nhlengethwa

OWAMI THABETHE

Bekuqhuma ingoma nomkikizo eMegacity Amphitheater lapho usaziwayo kaMaskandi uSphehile Mthembu, odume ngelika Bhunu lePlazi ebethula khona I Ep yomculo wakhe entsha ngoMgqibelo womhlaka 13 kuJulayi 2024 .

IBhunu lePlazi ungomunye woMaskandi owafika endimeni yokucula kwezwakala ,njengoba amuka nezindondo ezinhlanu ngonyaka odlule kuma KZN Namuhla Artist Awards, okwaba nguye kuphela owathola izindondo eziningi kunabanye abaculi. UBhunu lePlazi wethule I Ep yomculo wakhe esingethwe ngabanye abaculi baka Maskandi abadumile okubalwa kubo u Mjolis.

“Ngiyajabula kakhulu ukuba yingx- enye yalomcimbi omuhle kangaka sizokweseka ubhuti wethu esinaye kulendima yomculo esesiphile nayo iskhathi eside,cha ngiyamujabulela kakhulu sengathi angakhula kakhulu kulendima” kusho uMjolis.

Ube yimpumelelo enkulu lomcimbi Njengoba kade uhanjelwe amaciko aphuma ezindaweni ezahlukene e KZN okubalwa INkathazo, Sbani, ushoti, uNobhala,Amavukayibambe, Izintombi zika Vumile,Ingwekazi, Kulna button nabanye abaningi.

Lomcimbi uhlonishwe nguMhleli wephephandaba le KZN Namuhla Community Newspaper u Sheila Mhlongo kanye nemenenja ka

Bhunu lePlazi u Mashobane.

“ Njenge menenja yeBhunu leplazi ngiyajabula kakhulu mangibona lomcimbi uqhuba kahle kangaka ngendlela ebengingayilindele, nokubona indlela iBhunu leplazi eselikhule ngayo kulendima akuyo kuyathokozisa kakhulu. uBhunu uy- ingane engihloniphayo nengizwayo mangikhuluma okwenza kube lula ukusebenza naye. Ngiyabona ukuthi ikhona impumelelo enkulu ezayo agcine sefana nabaculi abafana no Khuzani, obaHubhe kanye neThwasa lekansela njengamaciko abukela kuwo ubhunu”, kulula uMashobane

“ kube nobunzima nezingqinamba ezinkulu ukuhlela lomcimbi njen-

goba siwubeke kulendawo abaningi abaqalayo ukuyibona nanokuthi umcimbi ugcine suqale iskhathi ebesebikiwe sesidlulile kepha sigcine sikwazile ukuqhuba ukuba uphumelele, ngiyabonga kakhulu ukwesekwa engikuthola kozakwethu enginabo kulendima yomculo” kuqhuba iBhunu leplazi.

Uthe uyafisa kakhulu ukuba abantu baqhubeka nokumeseka kakhulu bamukhombise uthando bawuthenge nomculo wakhe. Uyatholakala ezinkundleni zokuxhumana ku Whatsapp 078 982 4084, ku Facebook page IBhunu Leplazi sa

OKUQUKETHWE

Abezicishamlilo balwela impilo yabo kulandela ukuqubuka komlilo eKZN

P3

IIGNU ibukeka ingaba isibusiso kodwa esicashile esingabonakali kwabaningi

P2

**TO ADVERTISE
Legal And
Property
Adverts
Call Or
Whatsup Sbu
079 467 9297
069 349 4717**

OKUVELA KUMHLELI

IGNU ibukeka ingaba isibusiso kodwa esicashile esingabonakali kwabaningi

U hulumeni wobumbano lona esimazi ngamafuphi ngelithi iGNU ubukeka engase abe isibusiso kodwa esicashile kwabanye abantu bakuleli kanye nakwamanye amaqembu ezeopolitiki. Njengoba uhulumeni oholwa uMengameli uMnu Cyril Ramaphosa eqoke ukuthi kube nohulumeni wobumbano okudalwe ukuthi iqembu lakhe le ANC lehluleke lancama ukuthola amavoti anele ukuthi libuse ngalodwana, kodwa, lokhu kwabaningi akwehlanga kahle. Iqiniso lilonke ukuthi wonke lamaqembu angaphansi kwalohulumeni wobumbano, ngaphambi kokhetho abematasa ekhankasela ukuthi ayikhiphe embusweni le ANC kaRamaphosa, lokhu ekwenza ngoba enethemba lokuthi azothola amavoti anele, kanti awabuzanga elangeni, ngoba abavoti bona babone ngenye indlela yokuthi kungabikho iqembu elizobhozomela umbuso ngalodwana, nakho lokhu okudalwe amaphutha enziwe umbuso weminyaka engamashumi amathathu

wonke eqembu le ANC. Amaqembu afana nele MK Party, EFF kanye namanye ahambisana nawo akubona kuyiphutha ukuthi uRamaphosa avume ukufaka amaqembu aholwa abamhlophe afana nele Democratic Alliance kanye nele Freedom Front Plus, lokhu akubona njengento yokudayiswa kwezwe noma ukufuna ukubuyisela umbuso wobandlululo. Kanti ngakolunye uhlangothi kukhona abakubona kuyisibusiso ukuhlanganyela kwamaqembu enze umfelandawonye wokubusa elakuleli. Empeleni kuyavela ukuthi akusikho neze okokuqala ukuthi uhulumeni ka ANC afake abamhlophe kwikhabhinethi lakhe njengoba kwake kwenzeka ngesikhathi salowo owabe enguMengameli wokuqala wentando yeningi uMnu Nelson Mandela, kanye naye uqobo umholi we MK Party uMnu. Jacob Zuma. Kodwa akuzange kube khona izinsolo zokubuyiselwa kwezwe kwabamhlophe njengoba kwenzeka



manje. Sizokhumbula phela ukuthi wonke lamaqembu angaphansi kombimbi lukahulumeni wobumbano ngaphambi kokhetho ayevele efisa ukuthi athole amavoti anele ukuthi ahlwithe umbuso kwi ANC ukuze alungise zonke lezizinto ezingahambi kahle ezifana nokuxhashazwa

kwemali kahulumeni, izimpahla kanye nezinkampani ezingaphansi kukahulumeni, inkohlakalo edla lubi, kanye nokungahambisi kahle indaba yokulethwa kwezidingo kubantu. Manje ke lamaqembu esengene kuhulumeni lokhu kuyisibusiso phela ngoba asezokwazi ukulungisa

konke lokhu abe lokhu kade ekhala ngakho kokuqondisa umsebenzi wokubuswa kwezwe ngendlela elungile futhi enobulungiswa. Ngakolunye uhlangothi kwalona iqembu le ANC njengoba liyingxenye yawo lohulumeni wobumbano lizothola ithuba lokugcina ngci lokuthi lilungise indlela elenza ngayo umsebenzi wokubusa ngobuqotho, mhlampe esingasho ukuthi uma likwazile ukwenza kahle lingakwazi ukubuyisa ukwethenjwa abantu bakuleli. Kanti ngakolunye uhlangothi uma iqembu leANC lehluleka, lokho kuyonikeza lamaqembu ayingxenye kahulumeni wobumbano ithuba lokuzibonakalisa ukuthi impela ayakwazi ukubusa ngendlela enobulungiswa yokusebenzela abantu baseNingizimu Afrika ngobuqotho, ekugcineni okungenzeka futhi sigcine sifezekile isifiso sawo sokuthi aketule iqembu leANC embusweni unomphela.

Masiyeke umkhuba wokuxoshisana emsebenzini



S anibonani. Bantu bakithi ake sifundeni ukuzikhuza uma singabantu, kunalomkhuba esinawo wokuxoshisana emisebenzini mubi lomkhuba asiwuyekeni. Uma uzoxoshisa omunye emsebenzini uthi aphile kanjani awondle kanjani umndeni wakhe? Abanye sifika ezitolo sizothenga kubekhona ukungazwisisani nabasebenzi balapho besesiyindululisele kubaphathi babo

kanti sesibabeka engcupheni yokulahlekelwa yimisebenzi, asiwuyekeni lowomkhuba, mubi. Abanye bondla imndeni yabo bebodwa kube uyena yedwa osebenzayo uma elahlekelwa ngumsebenzi kuyolamba umndeni wonke. Masi-beni nozwelo kwabanye, ungamxoshisi umuntu emsebenzini

Obhalayo Umfundisi Katlego Nare

WE DESIGN, PRINT & DELIVER Email: jabumtrading@gmail.com

ORDER TODAY

CALL OR WHATSAAP 079 467 9297

JABUM TRADING BRANDING AND DESIGNING

Services: Pull-up banners, X-banners, Wall banners, Teardrops, Sharkfin, Pop-up, Flags ...Etc.

Products shown: FLYERS, BUSINESS CARDS, PHOTO & FRAME, POSTERS, CERTIFICATES, WEDDING INVITES, PULL-UP BANNERS, X-BANNER, WALL-BANNER.

Address: 411 SANGRO HOUSE, 417 SMITH STREET, DURBAN

NO MATTER WHERE YOU ARE, WE PRINT & DELIVER VIA COURIER

KZN NAMUHLA ARTISTS AWARDS 2024

3RD ANNUAL KZN NAMUHLA ARTISTS AWARDS

VOTE FOR SKEQE MASKANDI Best New Comer

Amavoti azobe ethengwa kanjena @ R2 ivoti ngalinye

25 Votes = R50
50 Votes = R100
75 Votes = R150
100 Votes = R200

Imali ifakwa ebhange

CAPITEC or FNB

TO ADVERTISE CALL: 079 467 9297

KZN NAMUHLA COMMUNITY NEWSPAPER

CONTACT US

The Director : Miss Sheila Mhlongo
076 390 6969
sheilamhlongo@gmail.com
KZN Community Newspaper
079 467 9297
www.kznnamuhlanews.co.za
Suite 411, Sangro House, 417 Smith Street, Durban

Iphephandaba i -KZN Community Newspaper lihambisana nemigomo ebekiwe kwi - press code ethi izindaba ezishicilelwe kuleliphendaba kumele zihlale ziyiqiniso. zisho into okuyiyo futhi zingachemi

Press Council

PUBLISHING EDITOR
Sheila Mhlongo
076 390 6969 / 069 349 4717
editor.kznnews@gmail.com

PR & MARKETING
Gugu Mhlongo
069 349 4717
gugum.kznnews@gmail.com

OPERATIONS MANAGER
Sibusiso Mamba
0764048423
advertising.kznnews@gmail.com

Abezicishamlilo balwela impilo yabo kulandela ukuqubuka komlilo eKZN

OWAMI THABETHE

Abezimo eziphuthumayo KwaZulu-Natal Midlands Midlands Emergency Medical Services (EMS) bathi izicishamlilo ezimbili zisalwela impilo yazo esibhedlela kulandela ukuqubuka komlilo okushone kuwo ozakwabo abayisithupha. Lo mlilo oshise ipulazi eliseBoston ngaphandle kwase-Howick KwaZulu-Natal Midlands. Kusolwa ukuthi abazingeli ngokungemthetho baqale umlilo bezama ukukhipha izilwane ehlathini.

Umqondisi Wezokusebenza wakwa-EMS eMidlands, u-Roland Robertson uthi, "Akekho owaziyo ngempela ukuthi kwakwenzekani, ukuthi umlilo uqale kanjani. Ngokuqonda kwethu, ukuthi babezama ukuvimba umlilo ngoku-

wuvimba, ngokufaka isilungulela ukuze bawuvimbe, lapho umoya waphenduka wabuyela kubo kwaba yindaba yokushisa nje, umoya, futhi konke kwaba nesandla kukho konke." "Ngendlela okwenzekile ngayo, kufana nokuthi akukho nendlela yokuthi baze babaleke ngoba umlilo ubahaqile. Umlilo unqanyulwe ngenmuva kwalokho ngoba bebenazo izimoto ezibaxhasayo ezifike zizolekelela emlilweni. Ngakho-ke, esinye isiguli sisafakwe umshini wokuphefumula esibhedlela, esinye sisesimani esibucayi e-ICU, "kwengeza uRobertson.

Kuthiwa abashonile ngabesifazane abathathu abasebenzela inkampani. Umphathiswa wezokuBusa ngokuBambisana neziNdaba

zoMdabu, uMfu Thulasizwe Buthelezi, udlulise amazwi enduduzo ngabezicishamlilo abashonile. "Sibuhlungu ngokulahlekelwa abasebenzi abanesibindi abebelwela ukuvikela abanye abantu ukuba bangangeni engozini."

UButhelezi usho lokhu ngesikhathi esoLundi, lapho abehlola khona isimo kulandela umonakalo odalwe wumlilo wequbula. Lapha kushe umhlaba olinganiselwa ku-3 000 hectares ovame kakhulu ukudla imfuyo. Lo mphathiswa ufike ephethe amabele ukulekelela abanemfuyo engasenakho ukudla, waveza nokuthi uhulumeni usebenza ngokuzikhandla ukusiza labo abasale dengwane.



OweziMisebenzi yoMphakathi KwaZulu-Natali uzonciphisa ukusetshenziswa kwezimali

LONDEKA HLATSHWAYO

UNgqongqoshe Wezemisebenzi Yomphakathi Nengqalasizinda, u-Dean Macpherson, ukuqinisekisa ukuthi nakuba uMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi Nengqalasizinda, uqhuba ukungeniswa okushelelayo kwesigungu esiphezulu kanye namaLungu ePhalamende oPhiko Lwesi-7 Lokuphatha, ngokuhlazeka ngamahhovisi omsebenzi kanye nezindawo zokuhlala, ngeke kube khona ukuthengwa kwanoma yisiphi isitokwe sezindlu esisha noma amahhovisi abo bobabili abaPhethe kanye namaPhalamende ngokufanayo.

UNgqongqoshe MacPherson uveze ukuthi kuzokwabiwa izakhiwo ezikhona zom-

buso nokuthi azikho izicelo zokuthengwa kwempahla entsha ezizojatshulelwa. Ngaphezu kwalokho, ngeke kube nokusetshenziswa kwemali ezakhiweni ezikhona futhi Amalungu Esigungu Esiphezulu kanye namaLungu EPhalamende kuzofanele abhekane nefenisha ekhona. Ngokufanayo akukho kuqashwa kwamahhovisi okusha okuzojatshulelwa.

"NjengoMnyango obhek-elele ukuhlaliswa kwesigungu esiphezulu kanye namaLungu ePhalamende, sizohlalisa wonke amalungu avela ezindaweni ezikhona zikahulumeni. Ngeke siqashe noma siqashise noma iyiphi indawo yokuhlala noma indawo yehhovisi. Seziphelile lezo zinsuku. UMnyango un-

giqinisekisa kimina ukuthi kunesitokwe esanele esikhona esingahlangabezana nezidingo zabo bobabili abaphathi kanye namaLungu ePhalamende" kusho uNgqongqoshe uMacpherson.

"Ukuma kwezimali okuqinile kombuso yikhona okubhekwe kakhulu kulesi sinqumo. Umnotho wethu awukwazi ukwamukela izicelo zokuthengwa kwezindawo zokuhlala ezintsha. Ngaphezu kwalokho, silalele umlayezo wezakham-izi mayelana nobuhlakani besikhwama somphakathi futhi sinciphise izinzuzo futhi sitshale kakhudlwana eku-daleni amathuba emisebenzi kanye nokukhulisa umnotho. Okuhamba phambili kwami ukutshala imali engqalasizinda futhi ngiguqule iNingi-

zimu Afrika ibe yindawo enkulu yokwakha ngaphansi kwendikimba ethi #LetsBuildSA" kubeka uNgqongqoshe uMacpherson.

UNgqongqoshe uMacpherson usevele washaya ingwijikhwebu eMnyangweni, njen-goba esehlangene nePhini likaNgqongqoshe uMnuz Sihle Zikalala noMqondisi-Jikelele uMnuz Sifiso Mdakane, ukudingida izinto eziningi ezibucayi ezikhona eMnyangweni. UNgqongqoshe uzohlangana nabanye ababambiqhaza emkhakheni wezokwakha kanye neNgqalasizinda emasontweni ezayo.

#LetsBuildS



UNGGONGQOSHE U-DEAN MACPHERSON UQINISEKISA UKUTHI NGEKE KUTHOLAKALE UKUTHENGA OKUSHA KWENDAWO YOKUHLALA NOMA AMAHHOVISI OKUPHATHWAYO KWESI-7

Umlilo wequbulo udlule nempilo yomuntu Eshowe

OWAMI THABETHE

UMnyango wezokuBusa ngokuBambisana neziNdaba zoMdabu KwaZulu-Natal uthi kunqandwe ukusha eShowe, enyakatho yeKwaZulu-Natali namaphethelo.

Imililo equbuke ngeSonto eledlule ishiye kucekeleke phansi imizi eminingi, kwabulawa imfuyo kwacekelwa phansi nezinye izingqalasizinda. Umuntu oyedwa kuqinisekiswa ukuthi ushonile. Okhulumela iCOGTA uN-onala Ndlovu uthi imbangela yomlilo ayikacaci. Ibailelwa ku 80 imizi ethintekile ngomlilo

"Ngokwemininingwane esemapulazini asinazo izinombolo eziqondile kodwa siyazi ukuthi amapulazi aseKokstad nawo athintekile ngenxa

yokusha futhi inqwaba yomkhiqizo yalahleka ngaleso sikhathi. Asinazo isiqiniseko ngenani lemfuyo ngoba ukuhlolwa kusaqhubeka. Kodwa siyazi ukuthi kukhona ukulahlekelwa okukhulu okwenzekile. Umnyango wezoLimo uphansi phezu njengoba sikhuluma nabalimi ukuhlola umonakalo bese usinikeza izibalo eziqondile mayelana nemfuyo namapulazi athintekile." UNdlovu uthi izinsiza zikahulumeni zintekenteke kakhulu njengoba isifundazwe sisazama ukuhlenga esiphewweni senyanga edlule oThongathi esishiye kushone abantu abangu-12 kwathi izigidi zamarandi zacekelwa phansi nengqalasizinda.

Uqhube wathi basaqhubeka nodaba lwasoThongathi na-

kuba iminyango eyehlukene isiwusukumele umsebenzi wayo futhi isihlinzeka imiphakathi njengoba ijutshwe ngokomsebenzi ewenzayo njengeminyango. Lokhu kubeka ubunzima obukhulu ezinsizeni zikahulumeni. Kodwa basebenzisana nosonhlahlakale ukuqinisekisa ukuthi imiphakathi ethintekile iyaluthola usizo oluzoyenza ikwazi ukuqhubeka nempilo yayo.

UMnu Thulasizwe Buthelezi udlulise amazwi enduduzo emndenini waka Gazu ngaphansi koMaspala woMlalazi lapho ubaba uMuntu-kabongwa Gazu elahlekelwe impilo yakhe ngenxa yomlilo wequbula ohangule umuzi wonke ngeshwa wangasinda. Uxwayise umphakathi waK-

waZulu-Natali wonke ukuba uqaphele lomlilo wequbulo obhebhethaka isifundazwe sonke futhi begweme ukushisa amadlelo makunomoya. Indodakazi ka Gazu u Londeka Mlotshwa ithi umndeni ushaqekile ngalenhlekelele eyenzeke emndenini wabo "Kugale ngo-8 ebsuku sabona ukuthi kuyakhanya ngaphandle uma sivula umnyango sabona ukuthi wumlilo wequbula. Sazama ukucisha umlilo futhi sacabanga ukuthi siphumelele. Ngakho-ke ubaba nomalume bangena endlini beyolanda omazisi bethu namanye amaphepha abalulekile sasingazi ukuthi umlilo usaqhubeka. Washona kanjalo ubaba," kusho uLondeka



Abophiko lwezamanzi baxwayisa abathandi bamabhishi Ngegciwane elisabalele emabhishi I ESCHERICHIA COLI

OWAMI THABETHE

UPHIKO lwezamanzi eDurban University of Technology (DUT), I-institute for Water and Wastewater Technology (IWWT) luthi angcole kakhulu amabhishi ase Thekwini. Bakhophe nesexwayiso ngobungozi bokusebenzisa la mabhishi awu-14 ase Thekwini. Ngokusho komqondisi we-IWWT uSolwazi Faizal Bux, ukuhlola kwabo kubavezele ukuthi awu-14 amabhishi anamagciwane ayingozi amsuka wawo yindle. Uthe kulawo mabhishi bathole ukuthi awu-11 awo okukhona kuwo iBallito Tidal Pool, Westbrook Beach, Umdloti Beach, Glenashely Beach, Virginia Beach, Umgeni River, Umgeni River mouth, Laguna Beach, Country Club Beach, Bay of Plenty, ne-Addington Beach anesilinganiso esiphezulu segciwane elibizwa nge-Escherichia coli. UBux uveze ukuthi yiBronze Beach noMhlanga Lighthouse kuphela

amabhishi anesilinganiso esamukelekile se-E.coli, bese kuba yi-uShaka Beach enenani elincane laleli gciwane. “Uma uqhathanisa namanye amabhishi aseThekwini, yi-uShaka Beach kuphela ekhombise ukuba nesilinganiso esiphansi se-E.coli. Kulawa amanye amabhishi awu-11 kuvele ukuthi isimo sawo siyakhathaza kakhulu, futhi ososayensi be-IWWT beluleke abantu ukuba bangawasebenzisi ukuzijabulisa kuwona kuze kube wukuthi kwehla leli gciwane kuwona,” kusho uBux. Uqhube wathi umlando ukhombisa ukuthi Umgeni River uhlale unesilinganiso esiphezulu saleli gciwane, okuwubungozi okukhulu. Uthe uphiko lwabo lwezamanzi luhlale luhlola ukuba sezingeni elifanele kwamanzi njalo ngamaholidi ukusiza ukubhekelela ukuphepha komphakathi. Lokhu kungaholela

ekuvalweni kwamabhishi isikhashana kusahlanzwa amanzi. Kubalulekile ukuba abantu baqaphele ngaleli gciwane. Izimpawu ze E.COLI ngokuvamile ziqala ezinsukwini ezintathu noma ezine ngemva kokuthola kubhaktheriya. Kodwa ungase ugule ngokushesha ngemva kosuku olulodwa ngemva kokutheleleka esikhathini esingaphezu kwesonto kamuva. Ezinye zezimpawu kubalwa kuzo, Isifo sohudo i Diarrhea, kubuye kube kubi kakhulu kuphume negazi, ubuhlungu besisu nokuhlanya.

Kuthintwa okhulumela uMasipala weTheku, uNkk Gugu Sisilana, ucele ukuthi bathunyelelwe imibuzo nge-email, bese benikwa okungenani amahora awu-24 ukuphendula.



Esithombeni : Elinye lamabhishi laseThekwini I North Beach.

Izinyokanyoka zibe yisizathu sesinqumo se-Eskom sokunciphisa amandla kagesi

OWAMI THABETHE

KUBALULWE “izinyokanyoka” njengeny ezezimbangela zesinqumo se-Eskom sokunciphisa amandla kagesi – okuhlinzekwa ngawo umphakathi – okuzogadla KwaZulu-Natal, iLimpopo, iWestern Cape, i-Eastern Cape, Gauteng, iMpumalanga neNorth West. Lokhu kuvezwe yisikhulu esibhekelele ukusebenza kukagesi kwa-Eskom, uMnu Monde Bala, ngesikhathi sicacisa ngalesi sinqumo. Uthe ukwebiwa kukagesi nokuxhunywa kwawo ngendlela engekho emthethweni, yikho okuholele ekuthathweni kwalesi sinqumo. “Ukusebenza nokugcwa ngokweqile kwama-transformer kwezinye izindawo, kungaholela ezigamekweni zezingozi zokusha kwawo, imi-

phakathi ihlale isikhathi esingangezinyanga eziwu-6 ihluphekela ugesi. Lokhu (kuncishiswa kwamandla kagesi) kuzoba yinto yesikhashana kulesi sikhathi sasebusika,” esho. Uphinde wabalula ukuthi lezi zinyokanyoka zinawo umthelela wokusha kwemizi yabantu njengoba kusebusika nje. Uma bebaningi abantu abasebenzisa ugesi ngesikhathi esisodwa transformer kagesi iyasindelwa njengoba uxhunywe ngokungemthetho nje, mase uyaqhuma ubhubhise izinkumbi zabantu kanye nemizi ikakhulukazi ezindaweni ezakhelene njengemijondolo. Uthe bakhathazekile ngoba sekungene ubusika, kuzobikwa amacala amaningi abantu ababhubhiswe ukuqhuma kwezintambo zikagesi.

UBala uqhube wathi u-Eskom ubhekene nezigameko eziningi zokuxhunywa ngokungemthetho, ukudlula imitha kanye nokuphazanyiswa, ukusebenza okungagunyaziwe kunethiwemi ukucekela phansi kwengqalasizinda kanye nokweba kanye nokungakhokhi nokungathengwa kwamathokeni kagesi. Uthe lokhu okulona uhlelo lukagqamcishi (load shedding), osekuphele izinsuku eziwu-104 lumisiwe eNingizimu Afrika. Ube esenxena amalungu ase Ningizimu Afrika ukuba abhalise futhi afakelwe ugesi ngokomthetho ukugwema izinkinga eziningi.



Esithombeni : Izigxobo zikagesi ezixhunywe ngokungemthetho.

Usuphinde wathatha omunye umphefumulo umlilo wequbula

SHEILA MHLONGO

Imlilo yequbula ehlasela uMasipala waseMlalazi isiphinde yabulala isaguga. UBangiwe Luthuli, waseMaNkwananeni, endaweni yaseNgudwini kuWadi 6 uyisisulu sakamuva sokusha kwequbula emawadini angu-21 alo masipala. ULuthuli ushone esibhedlela ngemva kokulimala kanzima ngesikhathi ezama ukubhula umlilo.

Umufi wakamva, ohlala yedwa, ohola impesheni uyisisulu sesibili ukushona ngenxa yomlilo osucekele phansi amawadi amaningi ngaphansi koMlalazi.

IMeya yaseMlalazi uCllr Xulu udlulise amazwi enduduzo emndenini kamufi. UMeya uCllr Xulu ubeke-wathi “Kuyangikhathaza ukuthi le mililo idlula nemiphefumulo yabantu bethu abadala abangenakuzisiza. Lesi sigameko sithumela umyalezo ophuthumayo ukuthi asenzi okwanele ukuvikela abantu abadala. Siphinde

sikhuthaze imiphakathi yethu ukuthi ivuselele Ubuntu kanye nokubumbana komphakathi phakathi kwayo. Ngikholwa wukuthi ukube siseyizakhamuzi ezibumbene Ubuntu, zingagwemeka izigameko ezimbi zalolu hlobo. Ngifisa ukunxusa izikhulu zendabuko, ipolitiki kanye nohulumeni ukuthi zibambisane ukuze kugwenywe izigameko eziyihlazo ezifana nalesi,” kuphetha uXulu.

Ibalelwa ku-121 imizi eshile okubalwa imfuyo nezimoto. Lokhu kuyawukhathaza umoya wezakhamuzi zase Showe njengoba bezizwa bengasaphephile nobuthongo abusafiki kahle ngoba belindelele ukuthi kuzokwenzekani okulandelayo.

Kamumva nje omunye ohola impesheni uMuntukabongwa Gazu waseZinyosi, oshone ezama ukonga impahla yakhe uzobekwe endlini yakhe yokugcina.



Lusematheni uhlelo lwe-app kamasipala kwizakhamizi zaseThekwini

SHEILA MHLONGO

Uhlelo lwe-App ka-Masipala lubonakala liwuhlelo oluthandwa kakhulu yizakhamizi lapho zibika khona izinkinga zokulethwa kwezidingongqangi, ikakhulukazi izinkinga ezithinta ugesi namanzi, nokuxazulula izinkinga ngendlela ecomekayo phakathi nesikhathi esisho-wo esingamahora angu-48. Le app, ethulwe ngo-2023 isinabantu abangaphezu kuka-86 000 asebenayo, isibe yindlela engcono yokuthola usizo ngesikhathi. Inhlalo yoPhiko lakwaSizakala, uMavuso Tshabalala ithe le app yenza kube lula ukuthi izakhamizi zibike izinkinga. “Kuyasijabulisa ukubona izakhamizi zisebenzisa le app njengoba bekuhlisiwe. Le app yenzelwe ukuhlinzeka izakhamizi inkundla yokubika izinkinga ngokushesha, futhi sikhuthazwa yimpendulo enhle esiyitholile. Izinkinga eziningi ezibikwayo,

zihlanganisa ukunqamuka kukagesi, ukuphazamiseka kokuhlinzekwa kwamanzi, ukuqhuma kwamapayipi nemigodi, lezi zinkinga zilungiswa Phakathi kwamahora angu-48, okuveza ukusebenza ngokushesha kwale app,” kusho uTshabalala. UMasipala uqinise imizamo yawo yokukhuthaza ukusetshenziswa kwale app njengendlela yokuqala ukubika izinkinga zokulethwa kwezidingo. Njengengxenyeyalo mkhankaso, amabhosi ka-Masipala azofakwa isikhangiso sale app ukuze kuqashiswe izakhamizi mayelana nokusebenza kwayo nezinzuzo. Lawa mabhosi azobe esebenza ezindaweni ezifana noMlazi, iNtuzuma, iKwaMashu nasenkabeni yeTheku. “Sijabule ngamabhosi asevele esemgwaqweni anesikhangiso sale app yethu. Lapho abantu bebona amabhosi, yilapho bezokwazi kabanzi ngale app,

futhi bazozitholela yona ukuze bayisebenzise. Le app iyindlela ebalulekile kwizakhamizi zethu. Nakuba sikhuthaza umphakathi ukuthi uvakashele izikhungo zikaSizakala ukuze uthole izinsiza ezengeziwe, lolu hlelo lusebenza njengeny indlela yokubhekana nezinkinga ezifanayo ngendlela efanele,” kusho uTshabalala. Izakhamizi zingasebenzisa le app ukuze zithole izinom-bolo zezimo eziphuthumayo, zikhokhe izikweletu zikaMasipala nge-Masterpass, ziqophe imininingwane yokufundwa kwamamitha yazo, zibeke futhi zibuze ngezikweletu zazo zikaMasipala, zixhumane nenkundla yamathenda futhi zixhumane nezinkundla zezindaba zeTheku zobuchwepheshe. Izakhamizi zingazitholela le app ku-Google Play Store, ku-Apple App Store naku-Huawei App gallery.

Kushone owesifazane okhulelwe, kwasala abangu-300 dengwane ngemuva kokusha kwemizi yaseThekwini

OWAMI THABETHE

UMasipala weTheku ususebenzise izinyathelo eziphuthumayo zosizo lwesikhashana ukusiza abahlali baseMijondolo yaseKenville. Lokhu kuza ngemuva kokuthi umlilo, owadlula nomphefumulo kamama okhulelwe, kwasala abantu abangaphezu kuka-300 abasala dengwane emuva kokuthi umlilo ucekele phansi imizi engaphezu kuka-100 emijondolo. Lomlilo uqubuke ngezikhathi zasekuseni ngeSonto, 14 July 2024.

UMasipala weTheku uthe umlilo uqubuke ngo-12:30 ekuseni. “Kumanje iDolobha lixhumanisa imizamo yesikhashana yokusiza abahlali abangenamakhaya. “Ngokusho kumamasipala, uphiko lweCity’s Fire and Emergency Services luphendule

ngokushesha ngesikhathi kuqubuka umlilo.

“Idolobha lithe ithimba labacimimlilo abangu-30 bathunyelwe endaweni yesigameko nezinjini zokucima umlilo eziyisishiyagalombili,” wengeza ngokuthi izicishamlilo zisebenze ngokuzikhandla kwaze kwaba yilapho umlilo ucisha ngempumlelo. Umkhuzi wophiko lwezomlilo esifundeni esisenyakatho yeTheku, uBruce de Gier, uthe umlilo ubumubi kakhulu futhi isimo besisibi.

IPhini leMeya yeTheku uKhansela Zandile Myeni uthe iDolobha lithole ukwesekwa ezinhlakeni ezehlukene, okuhlanganisa nohulumeni wesifundazwe nokazwelonke, ukuze kuhlinzekwe abahlali abangenamakhaya. “Amayunithi kamasipala, ababam-

biqhaza, izikhungo zikahulumeni nezinhlangano ezingenzi nzuzo basabalalisa amaphasela emindeni ahlanganisa ukudla, izingubo zokulala nomatilasi,” kusho iPhini leMeya uMyeni.

Njengengxenyeyokungenelela kweDolobha, kuhlinzekwe nendawo yokukhosela yesikhashana. “Sesakhe izindawo zokukhosela zesikhashana ukuze sisize imindeni engenamakhaya. Kusasa iminyango eyahlukene kaMasipala, ababambiqhaza kanye neMeya yeTheku esanda kuqokwa uKhansela Cyril Xaba bazovakashela umphakathi othintekayo ukuze bahlole isimo bese bebhaka nezinyathelo ezidingekayo zokulekelela,” kusho iPhini leMeya uMyeni.



Kuza izixazululo ezintsha kubahwebi baseThekwini

SHEILA MHLONGO

Umkhakha wabahwebi enkabeni yeTheku uzohlelwa kabusha njengoba uMasipala ubheka izindlela ezintsha zokukhulisa abahwebi babe ngamabhizinisi amancane naphakathi nendawo. Lokhu kuvele ngesikhathi kuqhubeka uhlelo i-Inner City Regeneration Town Talk obelukuWarwick Junction ngomhla ka-27 Juni. Abahwebi abebegcwele phama ehholo bakhombise ukuyeseka imibono eyethuliwe baphinde baphakamisa izingqinamba ezibathintayo. Uphiko lwezokweSekwa kwamaBhizinisi, ezokuVakasha, iziMakethe nezolimo yilona olubhekelele izinhlelo ezahlukahlukene zama-bhizinisi amancane ezakhelwe ukuthuthukisa osomabhizinisi

abasafufusa, abahwebi abasafufusa nemifelandawonye lapho kubekwe khona eqhulwini abantu ababencishwe amathuba phambilini. Loluphiko luhlose ukuphucula izindawo zamabhizinisi zikaMasipala ngokuhlinzeka izinsiza ezihambisana nemigomo yoMkhandlu njengezokuphepha nenhlanzeko. Isakhiwo iWest End Building, i-126 Johannes Nkosi Building, iCentrum Site Flea Market neDalton Art and Craft Market zonke ziyabhekwa ukuze kuhlotwe ukuthi zingaba yizindawo zokuhwebela ezizohlinzeka izinhlobonhlobo zezidingo. IMenenja yezabaHwebi, uMichael Hlangu, ithe bashintsha izakhiwo ezigugile ukuze bakhe amabhilidi asezingeni eliphezulu, bavuselele izindawo zokusebenzela. “Lezi

zikhungo zizohlinzeka izindawo zokuqasha ezingambi eqolo kubahwebi balapha ekhaya.” Uqhube wathi: “Sibambisene ne-SEDA ukusungula izindawo zokuthuthukisa amabhizinisi ezokukhiqiza agxile ezimpahleni nendwangu kanti sisebenzisa ibhilidi eliku-126 Johannes Nkosi Street. IDurban University of Technology iqokwe ukuba kube iyona ephatha lesi sikhungo. Izohlinzeka ngezinhlelo zokweseka abahwebi ezahlukahlukene ukuze kwakhiwe indawo ezovumela ukuba kuthuthukiswe amabhizinisi amasha obuchwepheshe kukhululise amabhizinisi akhona.” UKhansela Busi Ndlovu, onguSihlalo we-Informal Economy Forum, uthe iziphakamiso ezenziwe zizoba nemiphumela emihle.



Esithombeni : UMasipala ubheka izindlela ezintsha zokuthuthukisa umkhakha wabahwebi eThekwini.

Usuku lokuqwashisa abafundi ngokukhetha kahle izifundo ezizoholela ekutholeni imisebenzi uma beqeda ukuphothula izifundo ezikhungeni zemfundo ephakeme

SHEILA MHLONGO

U-Tongaat Hulett ebambisene neQwabe Nkanini Farming Enterprise, bebehlele usuku olubizwa ngokuthi iNkanini Career Expo ukuzocijisa abafundi abafunda ezikoleni ezigidle ugu olusenyakatho ngamathuba akhona uma bebeqede amatikuletshe.

Umbono ngalolusuku waqhamuka neNkosi DZ Gumede, kuMkhandlu waseNkanini. Inkosi Yesizwe yabe isimema abamele izikhungo zemfundo yamabanga aphakeme, izinhlangano ezithatha abafundi zibanike imifundaze kanye namakhona ngenkathi umfundi esafunda kanye nabahlizeki.

Ibhizinisi elaziwa ngokuthi i-Qwabe Enkanini Farming Enterprise enamalungu abalelwa ku-89 angabanini bomhlaba lengamele umhlaba otshale umoba obukhulu bawo ulinganiselwa ku-663 hektha okhiqize amathani kamoba abalelwa ku-31 720 ngonyaka ophelile. Leli bhizinisi liphinde laqasha abantu abalinganiselwa kwabangu-80 abasebenza ngezikhathi ezithile zonyaka.

UManumzane u-Emmanuel Zondi, uMphathi wehhovisi elisebenza izindaba zomhlaba liphinde lisebenze nemiphakathi ebuyiselwe imihlaba ngokohlelo lukaHulumeni ubeke ngokuthi "njengoba kuyin-

yanga yokubungaza abantu abasha kubalulekile ukusebenzisa lesi sikhathi ukuqhakambisa ukungalingani okuqhubekayo okugcina kuba isithiyi kwabaningi ukuthi bathole imfundo esezingeni; bathole imisebenzi kanye namathuba anhlolobhlobo". "Lenyanga iyisikhumbuziso kuthina sonke ukuthi siqhubeke nomshikashika wokwakha imiphakathi lapho wonke umuntu omusha enikwa ithuba lokusimama, asebenzise amakhono anawo ukuzakhela ikusasa elingcono".

Uqhubeke wabeka ngokuthi noma inkululeko eyatholwa abantu abasha ngaphambilini yaba nomthelela omkhulu isakhona inselele yokuletha inkululeko elethwa ngokwezemfundo ezoba nomthelela obonakalayo emphakathini. Usuku ebelihleliwe lwabafundi kuqhakambisa ukuzimisela kuka-Tongaat Hulett ukukhulisa bonke abafundi abasemiphakathini inkampani esebenza kuyo, ukubalekelela ukuthi bafeze izifiso zabo

Lolusuku luqwashisa abafundi ngemisebenzi enhlobonhlobo yalekelela abafundi ababalelwa ku-2 000 abaqhamuka kwizikole ezitholakala enhla noDukuza kuhlanguanisa lezi ezilandelayo: Shekembula, Hulett, Mbuyiselo kanye neBanguni combined. Lombukiso noma usuku lalibheke kakhulu ukuqhakambisa imifundaze ekhona, amathuba akhona okufunda ube usebenza uthola

amakhono. Lolusuku lwaphinde lwedlulisa ulwazi ngamaphoyinti afunekayo ukuze izikhungo eziphakeme zezemfundo ngokwehlukana kwazo zamukele abafundi ngokwezifundo ezahlukene.

Inkosi DZ Gumede ubeke wathi "Ukubona intokozo ebusweni babafundi emva kombukiso kwayithokozisa inhliziyi yami. Lokhu kwaba yinkomba yokuthi inhloso yokuhlela lolusuku ifezekile. Lokhu bekungeke kwenzeke ngaphandle kokusebenza ngokubambisana nabakwa-Tongaat Hulett

Ngosuku olwalungaphambi kosuku lokuqwashisa abafundi ngemifundaze, Inkosi DZ Gumede yahlala usuku lwezemidlalo. Usuku lwezemidlalo lwalekelela abafundi ukuthi bazane njengoba befunda ezikoleni ezingomakhelwane. Lwenzwa ukuthi usuku lwesibili lokwazisa abafundi ngemifundaze nemisebenzi lube nesasasa elikhulu.

U-Snethemba Kunene, uMphathi wehhovisi elibhekele intuthuko yemiphakathi esebenza ngokubambisana noTongaat Hulett ubeke ngokuthi ukusebenza ngokubambisana kwenkampani nezikhungo ezahlukene zezemfundo nezimele abalimi kwabaka usuku lwe-Expo ezingeni eliphakeme. Lezi zikhungo nabamele abalimi kuhlanguanisa laba abalandelayo: Durban University of



Technology; Owen Sitole College of Agriculture; Shukela Training Centre, MANCOSA, Unitrade kanye ne-South African Farmers Development Association. Izikhulumu zonke zagcizelela ngokubaluleka kwezifundo ezihlanganisa ezokubala kanye nezeseyansi ukuvula amathuba emisebenzi emikhakheni eyahlukene kwagcizelelwa kubafundi

"Ukukhetha izifundo ezihlanganisa lokhu okudingwa izimakethe nabaqashi yikhona okwaqhakambiswa kakhulu kubo bonke abafundi ababayingxenywe yosuku lokuqwashisa abafundi ngemifundaze kanye namathuba emisebenzi, kusho uKunene."

TO ADVERTISE WHATSUP /CALL 079 467 9297

INVITATION TO ENTER 2024 KZN NAMUHLA ARTISTS AWARDS

YOU ARE INVITED TO ENTER KZN NAMUHLA Artists Awards 2024 and stand a chance to win Great Cash Prizes

To enter Registration is R250 and you qualify to get Registration Form and Voter Poster with Bank Details for your fans to vote for you at R2 per Vote and a good quality photo of yourself

COMPETITION ENTRY OPENS ON THE 1st APRIL 2024 FOR REGISTRATION AND CLOSE ON THE 15th JUNE 2024. TO BUY VOTES STARTS ON 16 JUNE AND END ON 15 AUGUST 2024

500 Votes	Cash Price R250	1000 Votes	Cash Price R500	2000 Votes	Cash Price R1,000	3000 Votes	Cash Price R1,500
-----------	-----------------	------------	-----------------	------------	-------------------	------------	-------------------

KZN NAMUHLA ARTISTS AWARDS CEREMONY WILL BE HELD ON SATURDAY 7th SEPTEMBER 2024 AT A VENUE TO BE ANNOUNCED

ISIMEMO SOKUNGENELA UMNCINTISWANO WE KZN NAMUHLA ARTISTS AWARDS 2024

Kafushane simema amaCiko asafufusa ukuthi angenele umncintiswano wama KZN NAMUHLA Artists Awards 2024. Ukungenela kubiza u R250 bese uthola ifomu loku Register. Uma usukhokhile wenzelwa i-Poster eneminingwane nesithombe sakho esigqamile ukuze abalandeli bakho bakuvotele ngemali engu R2 ivoti ngayinye

Artists are more than welcome to canvas for more than 3000 votes in order to add on the Cash Prize @ 50c per vote

Amaciko amukelekile ukuzitholela amavoti angaphezu kuka 3000 ukuze azuze u Cash Prize owengeziwe ka 50c ngevoti ngalinye

UKUBHALISELA UMNCINTISWANO KUVULWA NGOMHLAKA 1 APRIL 2024, BESE KUVALWA NGOMHLAKA 15 JUNE 2024, UKUTHENGWA KWAMAVOTI KUVULWA NGOMHLAKA 16 JUNE KUVALWE NGOMHLAKA 15 AUGUST

Umcimbi we KZN NAMUHLA ARTIST AWARDS 2024 uyoba ngoMgqibelo womhlaka 7 September 2024 endaweni esazomenyezzelwa

EXPLANATION

The most voted Artists of Different Categories will be Awarded with Trophies and Certificates depending on the number of votes which is explained on the Invitation form above when you pay R250 for Competition entry

INCAZELO

Amaciko ezinhlobo zomculo noma ubuciko obuhlukene ayobe ethole amavoti amaningi ukwedlula amanye ayoklonyeliswa ngama trophy kanye nezitifiki kuye ngenani lamavoti njengoba kuchaziwe kwi Simemo ngaphezulu esiyogcwaliswa ngesikhathi ekhokha imali engu R250

For More Information Contact Us : 076 390 6969 / 079 467 9297

KZN NAMUHLA ARTISTS AWARDS 2024

REGISTRATION FORM

REGISTRATION FEE R250

NAME & SURNAME : _____

STAGE NAME : _____

CONTACT DETAILS : _____

RESIDENTIAL ADDRESS : _____

PROVINCE : _____

DISTRICT : _____

PLEASE TICK NEXT TO CATEGORIES YOU ARE ENTERING FOR

GOSPEL	MASKANDI	AFRO - POP	HIP - HOP	RNB
<input type="checkbox"/> Best New Comer	<input type="checkbox"/> Best New Comer	<input type="checkbox"/> Best New Comer	<input type="checkbox"/> Best New Comer	<input type="checkbox"/> Best New Comer
<input type="checkbox"/> Song of The Year	<input type="checkbox"/> Song of The Year	<input type="checkbox"/> Song of The Year	<input type="checkbox"/> Song of The Year	<input type="checkbox"/> Song of The Year
<input type="checkbox"/> Best Solo	<input type="checkbox"/> Best Artist	<input type="checkbox"/> Best Solo	<input type="checkbox"/> Best Solo	<input type="checkbox"/> Best Solo
<input type="checkbox"/> Best Gospel Group	<input type="checkbox"/> Best Maskandi Group	<input type="checkbox"/> Best Afro Pop Group	<input type="checkbox"/> Best Hip-Hop Group	<input type="checkbox"/> Best RnB Group
<input type="checkbox"/> Best Traditional Gospel	<input type="checkbox"/> Best traditional Maskandi			

RADIO	POETRY	KEYBOARDIST	PERFORMANCE & ENTERTAINMENT
<input type="checkbox"/> Best Presenter	<input type="checkbox"/> Best Poet	<input type="checkbox"/> Best Keyboard Player	<input type="checkbox"/> Best Actor/Actress
<input type="checkbox"/> Best Radio Show	<input type="checkbox"/> DANCERS	<input type="checkbox"/> AUTHOR	<input type="checkbox"/> Best Influencer
<input type="checkbox"/> Best DJ	<input type="checkbox"/> Best Gqom	<input type="checkbox"/> BEST Author	<input type="checkbox"/> Best Producer
<input type="checkbox"/> Best Community Radio	<input type="checkbox"/> Best Kwaito Group	<input type="checkbox"/> VISUAL ARTS	<input type="checkbox"/> Best MC
<input type="checkbox"/> Best Newsreader	<input type="checkbox"/> Best Amapiano	<input type="checkbox"/> Painting/Drawing	<input type="checkbox"/> Best NPO

PLEASE NOTE PRIZES WILL BE AWARDED AS FOLLOWS :

- * 1st Position Most voted Artists with a minimum of 1000 - 3000 Votes and above wins a Trophy Plus Cash Prize
- * 2nd Position , Artist with a minimum of 500 votes and above wins a Certificate Plus Cash Prize
- * 3rd Position , Artist with a minimum of 250 Votes and above wins a Certificate Plus Cash Prize
- * Any Artist that is alone in a Category will be Awarded a Trophy Plus Cash Prize Provided the Artist has 1000 - 3000 votes and above and if the Artist has below 500 votes will get a Certificate

Competition Rules / Terms & Conditions Apply

- Winners will be notified and invited to attend the award ceremony
- Non Winners are more than welcome to attend but they should not expect any prizes
- KZN Namuhla staff and relatives are not allowed to enter the competition
- Judges decision is final no one will be able to appeal judges decision

The Most Voted Artists of Different Categories will be Awarded with Trophies And Certificates Depending on the Number Votes which is explained above

CAPITEC BANKING DETAILS ACC HOLDER: MS S J MHLONGO ACC NO: 127 180 2080 *Use Your Name As Reference		FNB BANKING DETAILS KZN NAMUHLA COMMUNITY NEWSPAPER ACC NO: 627 129 479 62 *Use Your Name As Reference
--	--	---

For More Information Contact Us : 076 390 6969 / 079 467 9297

Umculo wamaPiano ukhombisa ukuhamba phambili kuleli kanye naseMhlabeni wonke

SHEILA MHLONGO

Ngo-2023, umculo owum-danso waseNingizimu Afrika, Amapiano, ulalelwe izikhawu eziwu-1.4 billion kwiSpotify. Lolu hlobo lo mculo selingenise ngendlela emangalisayo eNingizimu Afrika nakwamanye amazwe kangokuthi umhlaba wonke uhlanyiswa Amapiano njen-goba kuyaye kuqhudelwane noma kubanjiswane. Lokhu kungenisa kangaka kuholele ekwethulweni kweziko Iminyaka ewu-10 yAmapiano elibheka konke okwenzekile kule minyaka eyishumi edlule, izinto ezihlukile ezenzekile ne-podcast en-galalelwa yinanoma ngabe ubani ofisa ukwazi kabanzi ngomlando walo mculo, izingoma nekusasa lawo.

Unyaka okwahlasela ngawo ubhubhane iCOVID-19 lwashintsha izinto ngokukhula kwAmapiano. Ngo-2020, lo mculo walalelwa izikhawu eziwu-100 million okulandelwe ngeziwu-300 million ngo-2021 okuwadumise kakhulu.

Iminyaka ewu-10 yAmapiano yet-hulwe namhlanje mhlaka-14 Juni, nokwandulela ukuthi iNingizimu Afrika igubhe uSuku lweNtsha. Umhlaka-16 Juni wusuku olwaba yingqophamlendo entsheni yase-zweni ilwela inkululeko nobulungisa. Namhlanje isebenzisa Amapiano njengeziko lokubeka imibono, izifiso zayo nokutshengisa ukubekezela nobuciko.

Ukweseka izinhlobo zomculo ovutshelwe kuleli zwe

NgoJuni wango-2023, iSpotify sethula i-Afrobeats: Journey of a billion streams, iziko elahlanganiselwa

ukubungaza i-Afrobeats. Ngok-wethula Iminyaka ewu-10 yAmapiano, iSpotify sizibophezela kakhulu ekwesekeni ukukhula kwezinhlobo zomculo ezivutshelwe e-Afrika.

Udabuka emalokishini aseNin-gizimu Afrika, Iminyaka ewu-10 yAmapiano ibheka ukukhula kwalo mculo futhi utshengisa uhambo lwawo kanjalo nokuqhakambisa abanye babaculi bawo abaqavile. Nazi ezinye izibalo ezimqoka ngA-mapiano kwiSpotify kule minyaka ewu-10 edlule:

Akhule ngo-345k%+ ngo-2023 uma kuqhathaniswa no-2014

Isalelwe izikhawu eziwu-855 million selokhu uqalile u-2024.

Ukulalelwa kwamanye amazwe kukhule ngo-153k%+ ngo-2023 uma kuqhathaniswa no-2014

Abaculi besifazane bakhule ngo-87% ngo-2023 uma kuqhathaniswa no-2022

U-40% wabalaleli uneminyaka ephakathi kwengu-18 nengu-24

"Enye yezinto ezikhuthazayo ngokubona ukukhula kwAmapiano kule minyaka ewu-10 edlule wuku-bona abantu bewasebenzisa uku-zikhulumela," kusho uNks uPhiona Okumu, iNhloko yoMculo eSpotify eSub Saharan Africa.

Ukugqamisa ukukhula kwAmapiano Iminyaka ewu-10 edlule

